

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2019

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahladlela wokumaka unamakhasi angama-32.

Imiyalelo yokumaka leli iphepha

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe.
(Ohlolwayo akumele aphenndule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo)
2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.
3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.
4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.
5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe kumhlahlandlela wokumaka.
6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.
7. **Imibuzo emide**
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.
8. **Imibuzo emifushane**
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.
9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.
10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE****'UTHANDO' – KNN Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo. Izimpendulo zingahluka ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-31.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyawuqonda umoya, imifanekisomqondo/izithombemagama kanye nokukhethwa kwamagama.

Imbongi ikhathazekile/igxeka ukuziphatha kwentsha yamanje uma isingene kwezothando yize ingakakulungeli.

UMZIMBA**Ukukhethwa kwamagama**

- **Sekungumdlalo wamagendo – (isingathekiso)** – Imbongi ikhathazwa/igxeka intsha esiphendule uthando lwaba umdlalo wokuqeda/wokuchitha isizungu.
- **Izimballi zanamuhla – (isingathekiso) umfanekisomqondo wokubonakalayo** Imbongi igxeka/ikhathazwa amantombazanyana athi esakhula aphelelwe ubuhle bobuntombi bawo.
- **Ongaphangi mdaka ubukelwa phansi (isisho)** – Imbongi iveza ukucasukela intsha edelela enye intsha engajahi ukuzibandakanya kwezothando isikhathi singakafiki njengalabo abajaha uthando besebancane.
- **Akhishwe inyumbazane anyundelwe (isisho)** – Imbongi igxeka/ikhathazwa ilaba asebelahlekelwe isimilo ukuthi sebefuna ukudonsela laba abasaziphethe kahle ukuthi bazibandakanye ezenzweni ezingamukelekile baphinde bakhulume kabi ngabo.
- **Kugcwalwa imigwaqo kungaziwa nanyaka (ihaba)** – Imbongi igqamisa ukungahlonishwa kwabantu abadala, intsha ayinandaba ima kuzo zonke izindawo, ayicashi nokucasha.
- **Wo! Kusadliwa ngoludala (isisho)** – Imbongi ibalisa ngokuguquka kwesikhathi nokwenzeka kwezinto lapho intsha ingazihloniphi. Imbongi imangele njengoba kudala umuntu omdala wayaziswa/ehlonishwa kanjalo nentsha yayithandana ngokwangempela.
- **Olweqiniso na? (umbuzombumbulu)** – Imbongi imangele ize izibuze ukuthi ngabe lolu thando intsha ethatheke ngalo luyilona na?

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Imbongi ikhethe kahle amagama anembayo/anjengemifanekisomqondo ukuveza umoya wale nkondlo.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle.]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240]

[10]

UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE**'NGIZW' UTHANDO' – JM Sikakane**

- 2.1 Ngimfom' izithukuthuk' ezipholileyo. (1)
- 2.2
- Imbongi izwa uthando olujulile, eluzwa ngaso sonke isikhathi.
 - Lolu thando eluzwayo lulokhu luyibeselele luyibiza njalo njengoba ingakwazi nakuluziba.
 - Ayinakho ngisho ukuthula emphefumulweni nasenhliziyweni ngenxa yokubeleselwa yilolu thando.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umqondo webinza.] (3)
- 2.3 Imbongi isebenzise ifanangwaqa u **'Ng ...'** ngoba ihlose ukugcizelela kanye nokuletha umgqumo omnandi enkondlweni lapho iveza ukuthi yimbongi uqobo lwayo engasakwazi ukuthola ubuthongo ngenxa yothando eluzwayo. [Nikeza amamaki amabili uma ekhombise ukuqonda inhloso yokusebenza kwefanangwaqa nokusekela.] (2)
- 2.4 Imbongi isebenzisa u **'Lu ...'** ukuletha umgqumo oveza/ogcizelela ukuthi lolu thando lugcina luyenza ibukeke njengesilima, luphinde luyiyise kude ezindaweni ezingafanele ukuba kuzo ngenxa yokulandela umuntu emthandayo. [Nikeza amamaki amabili uma echaze ukusetshenziswa kwemvumelwano.] (2)
- 2.5 Imbongi iphumelele ukusebenzisa isizura/isikhawu ukukhombisa ukubala/ukuhlukanisa imiqondo emibili yokuhlulwa wuthando/ukuzibophezela nokuvuma ukuthi ngeke iphinde iphikisane nalo uthando. [Nikeza amamaki amabili uma eveze impumelelo yimbongi ekusebenziseni isizura/isikhawu.] (2)
- [10]**

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**'THUMELA UZAMCOLO NKOSI!' – BT Msimang**

- 3.1 Isenzukuthi. (1)
- 3.2 Umqondo osobala
- Izulu like lakhiza/linile imvula enganele.
 - Imvula/umkhizo awenzanga mehluko ngoba bese lomise kakhulu.
 - Emuva komkhizo kusuke umoya onamandla osuse izintuli ezixhophe abantu.
- Umqondo ocashile
- Izwi leNkosi lifikile kubantu ngezindlela ezahlukene emhlabeni.
 - Abantu bakhombise ukuba lukhuni/abaphendukanga ezenzweni zabo ezimbi.
 - Lokhu kudalwa izinto ezimbi ezigcwele emhlabeni ezihlukumeza abantu kakhulu.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umqondo waleli binza ngamaphuzu amathathu.] (3)

- 3.3 Inhloso yembongi ekusebenziseni ukuphindaphinda **'Nguwena wedwa-nguwena wedwa!'** ukugcizelela kanye nokuletha umgqumo okhombisa ukudumisa ukuthi nguMdali kuphela onamadla okulawula imvelo/isidalwa esingumuntu.
[Nikeza amamaki amabili uma ekhombise ukuqonda ukuphindaphinda nokusekela.] (2)
- 3.4 Imbongi isebenzise imvumelwanosiqalo u **'a ...'** emgqeni wama-35 kuya kowama-36 ukuletha umgqumo nomsindo onobumnandi kule migqa ukuthi emuva kokwehla koMoya Oyingcwele unethemba lokuthi baningi abantu abayophenduka, bakholwe, badumise uNkulunkulu.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukusetshenziswa kwemvumelwano.] (2)
- 3.5 Imbongi iphumelele ukusebenzisa isizura/isikhawu ukukhombisa ukuzithoba/ukunxusa uNkulunkulu onguMenzi wezimangaliso njengoba kunguye okwaziyo ukuguqula izinhliziyu ezilukhuni.
[Nikeza amamaki amabili uma ezeze ukusetshenziswa kwesizura/isikhawu.] (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE**'UNOXOLO/UNOLUXOLO' – KNN Gcumisa**

- 4.1 Isifaniso. (1)
- 4.2
 - Uxolo luletha ukuzwana phakathi kwabantu noma ngabe bayabulalana nsukuzonke.
 - Lwenza abantu ababengakhulumisani behlebana bakuyeke lokho.
 - Uxolo luba khona ngisho ngabe isimo besisibi kakhulu kunokudideka ukuthi kuzoqalwaphi kugcinwephi.
 [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umqondo webinza.] (3)
- 4.3 Inhloso yembongi ekusebenziseni ifanankamisa u **'e'/'i'** ukuletha umgqumo nokugcizelela ukuthi abantu bakhala njalo ngenxa yenzondo nokubulalana.
[Nikeza amamaki amabili uma ekhombise inhloso yembongi yokusebenzisa ifanankamisa.] (2)
- 4.4 Imbongi isebenzise imvumelwanosiqalo u **'o'** eyenza umgqumo onobumnandi kule nkondlo, ukuveza ukugcizelela ukuthi uma sekufike uxolo ukungezwani kuyaphela nya. Abazondanayo baguquka bathandane bahlale njalo ngokuzwana.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ukusetshenziswa kwemvumelwano siqalo.] (2)
- 4.5 Imbongi iphumelele ukusebenzisa isizura/isikhawu emgqeni we-19 ukugqamisa/ukubala imisebenzi elethwa uxolo nokuphetha umqondo osukela emgqeni we-17 kuya kowe-19. Lo mqondo uveza ukuthi lapho kunokuthokoza kukhona uthando, umusa noxolo.
[Nikeza amamaki amabili uma echaza ngokusetshenziswa kwesizura/isikhawu.] (2)
- [10]**

KANYE

UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**'UTHANDO LUKABABA' – Flora FS Sibisi**

- 5.1 Imvumelwanosigcino. Isebenze ukuletha umgqumo osamculo nobumnandi kule migqa.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile imvumelwano nemaki lomsebenzi wemvumelwano.] (2)
- 5.2 Umugqa uqukethe ithoni yokunxusa/yokucela/yokuzithoba, yasebenzisa usonhlamvukazi u'**M**' ukukhombisa ukuhlonipha uMenzi. Ifisa ukuthi uNkulunkulu ayilekelele ngezikhathi zonke ingahlukani naye/imkhonze njalo.
[Nikeza amamaki amabili uma egagule ithoni kanye nokusekela.] (2)
- 5.3 Imbongi ihlose ukuzwakalisa ukubonga yize ingenawo amagama anele/ayazi ukuthi izoqala kuphi ukubonga ngenxa yokwenzelwa okuhle empilweni nguNkulunkulu.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusetshenziswa kombuzombumbulu.] (2)
- 5.4 Imbongi iyigqamise indikimba yothando lukaNkulunkulu ngokuncenga njengoba iveza ukuthi uma ucela kuNkulunkulu uyakusiza kuzo zonke izinto ozicelayo, nguyena ohlala nawe ngezikhathi zonke kuze kube sekugcineni kwempilo.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukuthi leli gama liyigqamise kanjani indikimba yothando.] (2)
- 5.5 Le nkondlo inesigqi esinensayo. Ukusetshenziswa kwezimpawu zokuloba, ukukhethwa kwamagama, ubude bemigqa konke kusetshenziswe ukunxusa/ukutusa umusa kaNkulunkulu empilweni yomuntu.
[Nikeza amamaki amabili uma esihlaziye isigqi ngokunelisayo.] (2)

[10]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**INOVELI****UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE*****BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngamasu asetshenziswa ngumbhali ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Umbhali angabaveza abalingiswa ngezenzo zabo, ukuchazwa kwabo, indlela abagqoka ngayo kanye nokukhuluma.

UMZIMBA**uNontobeko**

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Onothando** - Uthanda isoka lakhe okunguMhlengi akanelisekile noma esethole umuntu omthandayo ngokweqiniso onguNkululeko uyahamba uyofuna uMhlengi kubo eGcilima yize amala.
- **Oneqiniso** - Akamfihlelanga uNkululeko ukuthi inhliziyo yakhe isanamathele kuMhlengi ngenkathi ecela ukuba bathandane wamtshela nokuthi angahle ashintshe umqondo wakhe emuva kwesikhathi.
- **Onesibindi** - Ufika ngokuzithoba kuNgidi ezofuna uMhlengi owayeyisoka lakhe ebe engamazi nakumazi uNgidi.

uNgidi

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Onothando** - Uthanda indodana yakhe uMhlengi uze ayabele namafa akhe.
- **Onolaka** - Uxosha uMhlengi lapho emtshela ukuthi uyi-gay.
- **Onozwelo** - Ukufika kukaNontobeko kwenza wamzwela waba nethemba lokuthi hleze amthole uMhlengi abuyelana noNontobeko.
- **Onezimfihlo** – Akakwazanga ukutshela uNontobeko iqiniso lokuthi kungani uMhlengi engamazi ukuthi washonaphi nokuthi kungani uMhlengi amala uNontobeko.

uNkululeko

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Oneqiniso nobuntu** - Ukwazile ukuma aphuthumise uNontobeko esibhedlela emuva kokumshayisa ngemoto.
- **Onothando** - Uthe emuva kokuqonywa nguNontobeko wala onke amantombazane ayethandana nawo, wabe esethumela abakhongi ukuze bashade.
- **Othathela izinto phezulu** - Akaziniki isikhathi esanele sokwazana noNontobeko uphuthuma ukumlobola esathandane naye isikhashana.

uMahlengi/uMhlengi

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Ozithandayo** – Uyazicwala, uthanda ukuzibuka uma egqoka.
- **Oyiqili** - Uma eseKapa wakwazi ukuthola ipasi elisha ngendlela enobuqili elase libhalwe ukuthi unguMahlengi Ngidi.
- **Onesibindi** - Uqonda uNontobeko umtshela ukuthi abahlukane yize azi ukuthi uNontobeko umthanda kakhulu aqhubeke atshele uyise ukuthi 'I am gay'.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle amasu ahlukahlukene okuveza abalingiswa ngobunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo zokuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

- 7.1 Umoya wokudabuka/wosizi njengoba uNontobeko ejabhile ngokubona uMhlengi esaba ngumuntu wesifazane kanjalo noNgidi uyadumala uma ebona ukuthi uMhlengi waqhubeka nesinqumo sakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umoya ngokwenelisayo esusela esingenisweni salesi siqeshana.] (2)
- 7.2 Umyalezo otholakala kulesi siqeshana uthi ithemba alibulali. UNgidi nonoNtobeko bebenethemba lokuthi bazomthola uMhlengi, abemukele ngothando. UNgidi wayenethemba lokuthi hleze uMhlengi wayesiguqulile isinqumo sakhe sokuba i-'gay' kanti noNontobeko wayenethemba lokuthi babezoxoxisana noMhlengi bese beqhubeka nothando lwabo kodwa konke lokho akwenzekanga.
[Nikeza amamaki amabili uma ewugagulile umyalezo ngokwenzeka kulesi siqeshana] (2)
- 7.3 Umlandi usitshela ngemizwa yabalingiswa njengoba kuvela amaqiniso ebebengawalindele. UNontobeko umangele uyakhala, kugobhoza izinyembezi kuNgidi. Aphinde asitshela ngoMhlengi/Mahlengi okhalayo ngesikhathi ebatshela ngempilo ayiphilayo. Usitshela ngemicabango kaNomalanga njengoba ebona bonke bekhala engazi ukuthi uzoduduza bani.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile imisebenzi emithathu yomlandi wayisekela.] (3)
- 7.4
- UXolani ushiya izingane zodwa endlini azikhiyele ngoba uLungile esebenza ebusuku.
 - UXolani ulanda uMahlengi efulethini baxoxe nangezingane zikaXolani.
 - Bayahamba bayodla e-restorenti, bahlale isikhathi eside. Aphindele kwakhe afice sekushe umuzi kanye nezingane zabo noLungile.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ezivezile izehlakalo ezintathu ezithinta uXolani.] (3)
- 7.5 Isizathu ukuthi uNgidi wayesebonile ukuthi akulula ukuzenzela umsebenzi ongawufundele wokuphenya. Wayesezamide ukuzithungathela uMhlengi kwaMashu naseMlazi kodwa wangamthola ngakho-ke kwabalula kuShezi ukuthola uMhlengi ngaphandle kokuthatha isikhathi eside njengoba wayewufundele lo msebenzi.
[Nikeza amamaki amabili uma esichaze ngokwenelisayo isizathu.] (2)

- 7.6 Inhloso kwakuwukuveza indlela yokuthi kuhlatshwe umkhosi, kukhululwe oNgidi no-Anti. Izindaba zokubanjwa kwenkunzi ziphume emsakazweni bese kuboshwa uNdumiso.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wayisekela.] (2)
- 7.7 Umthelelela waba mubi kubo bobathathu abalingiswa.
- UNontobeko wagcina engashadanga noNkululeko njengoba amala ngosuku olwandulela olomshado kanjalo wangakwazi ukubuyelana noMhlengi wamfica esephila njengomuntu wesifazane.
 - UXolani wabuyela ekuphuzeni utshwala kwaphela ukunakekela umuzi wakhe, washelwa umuzi wakhe nezingane okungenzeka ukuthi wagcina ehlukanisile noLungile.
 - UNdumiso wabuyela ebugebengwini okwakuyimpilo yakhe, wabamba uNgidi inkunzi, wabulala uNyambose wagcina ngokuboshwa.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umthelela kumlingiswa nomlingiswa.] (3)
- 7.8 Bobabili banothando lweqiniso. UNontobeko unquma ukwala uNkululeko aye kofuna uMhlengi kanjalo noNdumiso unquma ukubamba inkunzi ukuze alobole uMahlengi masishane njengoba ayebona ukuthi sengathi kukhona owayesenyonyobela uMahlengi.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile wabe eseyasekela umlingiswa ngamunye.] (3)
- 7.9 Samukelekile ngoba uNgidi wayekhulise uMhlengi azi ukuthi uyingane yomfana. Wayedele konke wamkhulisa kahle, wangathatha ngisho enye inkosikazi evikela yena kepha uMhlengi ushabalalisa onke amathemba akhe okumfisela ukuthi aganwe athole nefa ayembekele lona.

NOMA

- Asamukelekile ngoba umzali kumele asekele ingane yakhe kulokho esuke iyikho. UMhlengi wayesamukele isimo adalwe naso futhi akangamfihlela uyise, waya komtshela njengoba wayesenqume ukuphila impilo yokuba ngumuntu wesifazane futhi kwakuyilungelo likaMhlengi lokuzikhethela impilo ayeyifisa ukuyiphila.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe ngokwenelisayo.] (2)
- 7.10 Le ndaba iphethwe kahle ngovuthondaba ngoba umbhali usishiye nemibuzo lapho sifuna ukwazi ukuthi kwenzekani emuveni kwalesi sigameko. UXolani uthola ukuthi uMahlengi wayengumuntu wesilisa uMhlengi. Amathemba ekusasa eliqhakazile enoMahlengi ayashabalala kuXolani. UXolani unquma ukushiya uMahlengi engashongo lutho wabona ukuthi impilo yakhe iphelile.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela ngokwenelisayo.] (3)

[25]

UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohlweni
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngamasu asetshenziswa ngumbhali ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Umbhali angabaveza abalingiswa ngezenzo zabo, ukuchazwa kwabo, indlela abagqoka ngayo kanye nokukhuluma.

UMZIMBA:**UNomvula (uMirriam)**

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Okhohliseka kalula** – Ukhohliswa uSkiti ukuthi akaphose imali phansi ukuze ayikhiphe amabhadi nangempela wakwenza lokho uNomvula ngaphandle kokunanaza.
- **Onomoya omuhle** – Upha abakubo imali nezimpahla nakuba esazi ukuthi uMaHadebe akamfiseli okuhle.
- **Onoxolo** – Nakuba uMaHadebe wayefuna ukumbulala kodwa wabaxolela waze wabakhela umuzi wesitini wawufaka nefenisha.

UChule

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Oyigovu** – Uqola abafelokazi izimali zabayeni babo.
- **Onamanga** – Ukhohlisa uNomvula ngokuthi inkosikazi yakhe yashona emva kokubeletha umntwana wesithathu nabantabakhe abanye bashayiswa yimoto.
- **Onesikhwele** – Akafuni uNomvula alalele umculo kaGenyeza, umyalela ukuba avale umsakazo ukuze angalokhu elalela imbangi yakhe kanjalo akafuni nokuthi ambuke umabonakude ngoba njalo uma bewuvula babona uGenyeza.
- **Onothando** – Yize ekuqaleni injongo yakhe ngoNomvula kwakungukumgebenga, kodwa ngokuhamba kwesikhathi wayesemthanda ngokweqiniso.

uMeyili

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Onolaka uyathetha** – Uthethisa uMaNdelu unina kaNomvula embangisa ukuthi uNomvula umbhalele incwadi emazisa ngodaba lwe-pick-six.
- **Onomona** – Ufuna imali kaNomvula idliwe nguye kuphela, hhayi amahuzu aseThekwini.
- **Oyiqili** – Ubiza umhlangano womndeni, uhlela ukuba kulandwe uNomvula ukuze kutholakale le mali ayiwinile ukuze kube eyakhe yonke nomndeni wakhe.
- **Onozwelo** – Umbono kaMaHadebe akahambisani nawo wokuba kubulawe uNomvula ukuze bathole imali.
- **Onenhliziyo embi** – Uxosha uNomvula kwakhe emva kokukhulelwa, agcine uNomvula esebenza emajalidini.
- **Oyazisola** – Emva kokuba esebonile ukuthi izenzo zakhe zokufuna ukubulala uNomvula ukuze afinyelele emcebeni wakhe aziphumeleli wabe esezisola wacela uxolo kuNomvula, wabonga ngakho konke abenzele kona nokubakhela isitolo.

uMaHadebe**(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)**

- **Onenhliziyo embi** – Uthumela uMahuzu ukuthi ayodlisa uNomvula umuthi kugcine kufe uMaHuzu engozini yemoto. Uzama ukubulala uMaNdelu ukuze athole umcebo kaNomvula. Uzama nokuyenga uNomvula ukuba alethe ingane yakhe ukuze ayibulale.
- **Ozisolayo** – Ubiza umndeni axolise, awazise ukuthi ngeke aphinde azame ukubulala umuntu njengoba wayesindiswe uMaNdelu ngokulokhu emphuzise ubisi.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle amasu ahlukahlukene okuveza abalingiswa ngobunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo zokuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpindulo ezinembayo/izimpindulo ezinganikeziwe lapha]

[25]**UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

9.1 Umoya wokudabuka/wosizi njengoba amadoda amabili ezemboze ubuso ekhakhabisa kabi uNomvula, ephethe imimese efuna ukumbulala. UChule uyazenzisa uma ebona la madoda wenza sengathathi uzwela uNomvula.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umoya ngokwenelisayo esusela esingenisweni salesi siqeshana.]

(2)

9.2 Umyalezo otholakale kulesi siqeshana uthi akukho qili lazikhotha emhlane. UChule uhlele iholidimbumbulu ngethemba lokuthi uzobulala uNomvula bese imali yonke kaNomvula ibuyela kuyena. Ekugcineni ucindezelwa imoto, uyafa kufa noJamu kuboshwe uDaffo./Ungabomethemba umuntu ngoba uNomvula wayecabanga ukuthi leli bekuyiholidi langempela kanti uChule uhlose ukumbulala.
[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umyalezo ngokwenzeka kulesi siqeshana]

(2)

9.3 Umlandi usichazela indlela yokubukeka kwezigebe ngu njengoba zizemboze ubuso njengoba asitshela ngokwenzekayo ngenkathi uNomvula ecosha amatshana ewajikejela ezigebe ngwini ukuze aziphephise ekubulaweni. Uphinde asitshela ngomuzwa wokuthuka lapho uDaffo ekhamisa ngenkathi uNomvula emjikijela ngetshe.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile imisebenzi emithathu yomlandi wayisekela.]

(3)

9.4

- Ukubuya kukaMahuzu eGoli ebizwe uMaHadebe ukuba azohamba aye kuNomvula ayothatha incwadi yocingo, bese emdlisa umuthi wokumhlanyisa.
- UMsoneni noMchitheni bahluleka ukudlisa uNomvula umuthi/nokuthola incwadi yocingo ababeyifuna bagcina beshaywa uNomvula esizwa uChule.
- Bobathathu bashayiswa iloli bashona ngenkathi benza sengathi balungisa imoto kanti bashintsha inombolo puleti yemoto ebabehamba ngayo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ezivezile izehlakalo ezintathu ezithinta uMahuzu.]

(3)

- 9.5 Isizathu ukuthi abakwaDicey babengabacwasi abantu ababasebenzelayo njengoba uMirriam wayesebasebenzele isikhathi eside ngokwethembeka futhi bemthanda./Babekhombisa ukuthembeka futhi beyazi imvelaphi kaNomvula. [Nikeza amamaki amabili uma esichazile isizathu ngokwenelisayo.] (2)
- 9.6 Inhloso ukugqamisa ukuthi uGenyeza wayenesikhwele esinjani nokuthi wayengenza noma yini ukuthi angatholwa amanketshane uNomvula, njengoba emsola ngokuvuma ukukhuluma nabantu bomshwalensi. [Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wayisekela.] (2)
- 9.7
- Umthelela waba muhle empilweni kaGenyeza ngoba ikhono lakhe lomculo ladlondlobala waziwa naphesheya kwezilwandle, wabonwa uNomvula kumabonakude, wagcina eshade noNomvula emuva kokushona kukaChule.
 - Umthelela awubanga muhle empilweni kaChule. UChule nakuba wayemthanda uNomvula wawusasele umhobholo wokufuna yonke imali kaNomvula wahlela ukumbulala kodwa wehluleka, kwagcina kufe yena.
 - Umthelela awubanga muhle kuDaffo ngoba naye wayeyifuna le mali kaNomvula okwaba nzima ukuthi afinyelele kuyona njengoba wayesehlala eMlazi. Wangaba nayo imali, wavuma ukusetshenziswa nguChule ukuyobulala uNomvula wagcina ngokuboshwa. [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umthelela kumlingiswa nomlingiswa.] (3)
- 9.8 Bobabili banothando olunesikhwele esikhulu. UGenyeza wayengafuni muntu osondela kuNomvula, wayebashaya bonke abantu, wafisa nokumlobola uNomvula ngokuphuthuma kanjalo noChule waphuthuma ukulobola uNomvula, kodwa waqhubeka waba nesikhwele uma uNomvula ebuka noma elalele umculo kaGenyeza. Wayemphoqelela ukuba akacime umsakazo ngoba esaba ukuthi hleze uNomvula aphindele kuGenyeza. [Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile wabe eseyasekela umlingiswa ngamunye.] (3)
- 9.9 Samukelekile ngoba ngokwesintu ubaba uyinhloko yekhaya, kuyilungelo lakhe uMeyili njengenhloko ukuvula incwadi.

NOMA

- Asamukelekile ngoba incwadi yayibhalelwe uMaNdelu ngqo hhayi umndeni kaMeyili. Okwakubhaliwe kwakuqondene ngqo noMaNdelu kanjalo nemali eyayiphakathi yayizokwenza uMaNdelu afeze izidingo zakhe kepha uMeyili wagcina eseyiqhwaga. [Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe ngokwenelisayo.] (2)
- 9.10 Le ndaba iphetha ngopholavuthondaba ngoba kuba nokuxolelana nokubuyisana. UNomvula ushada noGenyeza bathenga umuzi omkhulu eThusini. Abenzi bobubi bayajeza, uChule uyafa, uDaffo uyagwetshwa ngesenzo sokuzama ukubulala uNomvula. [Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela ngokwenelisayo.] (3)

[25]

UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE**KUNJALO-KE – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngamasu asetshenziswa ngumbhali ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Umbhali angabaveza abalingiswa ngezenzo zabo, ukuchazwa kwabo, indlela abagqoka ngayo kanye nokukhuluma.

UMZIMBA:**uDumazile****(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)**

- **Ongenaso isimilo** – Uqoma uthisha uMoloi efika esikoleni iZenzele. Ukhuleliswa uthisha, waxoshwa esikoleni wazala nengane engashadile.
- **Ongahloniphi** – Uphendulana noMisi Hlophe ngenkathi embuza ngokuthandana kwakhe noMoloi.
- **Ongathembekile/unamanga** – Utshela ugogo kanye nabazali bakhe ukuthi kutelekiwe esikoleni kanti uxoshiwe ngoba ekhulelwe.
- **Unobugebengu** – Wenze isu lokushiswa kwesitolo sikaSithole ehlangene noMkhize ukuze bathole imali.
- **Unesihluku** – Uxosha uSithole emzini wakhe ngoba eseyimpabanga ekubeni lo muzi wawuthengwe nguye uSithole.

uSithole**(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)**

- **Ongathembekile** – Uqonywe uDumazile ebe eganwe uMaNzimande.
- **Unguthathekile** – Uthengela uDumazile izimpahla zokugqoka, imoto kanye nomuzi ukuze athenge uthando lwakhe.

uMoloi (uZitike)

- **Onobudedengu ngempilo yakhe** – Uya ocansini olungaphephile noDumazile.
- **Ongathembekile** – Uthandana noDumazile ebe eyingane yesikole efana nomzali kuye.

uMisi Hlophe**(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)**

- **Onenhliziyo encane** – Utshela othisha abanye ukuthi ngeke amfundise uDumazile ngenxa yodaba anganasiqiniseko salo uma ezwa omemu bekhuluma ngoDumazile ukuthi usethandana nesoka lakhe uthisha uMoloi.
- **Othathela izinto phezu** – Akaziniki isikhathi sokucubungulisa udaba aluzwayo uvele nje uqonda kuDumazile umbuze ngodaba lwakhe lokuthandana nothisha uMoloi.
- **Ongaxoli/Onamagqubu** – Ugijima uyobikela abanye othisha uma ezwa nje ukuthi uDumazile ukhulelwe lokho okwenza waxoshwa esikoleni uDumazile.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle amasu ahlukahlukene okuveza abalingiswa ngobunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo zokuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE**KUNJALO-KE – ME Wanda**

- 11.1 Umoya wentukuthelo/wokuthukuthela njengoba uMaNzimande ephuma eshiya uSithole ekhishini, ungena endlini yabo yokulala afise nokukhiya isicabha kepha agcine ehleli ekamelweni labo lokulala.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umoya ngokwenelisayo esusela esingenisweni salesi siqeshana.] (2)
- 11.2 Umyalezo otholakala kulesi siqeshana uthi ungabothathela izinto phezulu. UMaNzimande akakhombisi ukuba nenhlonipho kuSithole ngoba akahlali phansi noSithole ambikele izinsolo anazo ngokuthandana kwakhe noDumazile kepha ukhwela adilike. Umthembisa ukuthi uma engayenzi into ayishoyo yokumxosha uzokwenza yena lokho.
[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umyalezo ngokwenzeka kulesi siqeshana] (2)
- 11.3 Umlandi usitshela ngemizwa yokuphatheka kabi kwabalingiswa njengoba uMaNzimande ethukuthelele uSithole enxapha ngenxa yokuvela kwezindaba ngoDumazile noSithole.
Umlandi usitshela ngomcabango kaDumazile njengoba enquma ukuba enze akutshelwa nguSithole nakuba emangala ukuthola umyalelo wokuthi akaqoqe izimpahla zakhe kepha akangayinikwa incazelo yalokho. Umlandi usitshela ngemicabango kaSithole njengoba ezisola ukuthi wamshadelani uMaNzimande okhulumela safuthi.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile imisebenzi emithathu yomlandi wayisekela.] (3)
- 11.4
- UMaNzimande umqulisa icala lokuthi kungani uDumazile aqhubeke ahlale kwakhe esitolo.
 - UMaNzimande wenqaba ukumenzela enye inkomishi yetiye umbuza ukuthi kanti uDumazile akamenzelanga yini.
 - USithole uthenga umuzi, uhambisa uDumazile kuwo. UMaNzimande uphinda uyamdelela uma ethi ulambile umtshela ukuba uphethwe yingculazi. Wanquma ukuhamba unomphela kwakhe, wafaka isehlukaniso enkantolo.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ezivezile izehlakalo ezintathu.] (3)
- 11.5 Isizathu ukuthi uDumazile wayenomona wemali futhi efuna ukuzithathela emalini kaSithole njengoba wayegcine ngokumhlawula akangabe esaqhubeka nokumlobola kunalokho uhlala naye eMafezini. UDumazile wayazi ukuthi kuzoba lula ukusebenzisa uMthovovo oyiphoyisa eligada esitolo futhi nguyena muntu ayesondelane naye nowazi izimfihlo zakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isizathu ngokwenelisayo.] (2)

- 11.6 Inhloso yombhali ukuveza ukungahloniphi kwezingane zesikole nokuthi akufuneki uthi unguthisha uzehlise ufane nengane yesikole kepha kumele uziphathe njengomzali ikakhulukazi ezindabeni zothando. UDumazile wayephendula uMisi Hlophe njengontangayakhe okwagcina kumehlisa isithunzi njengothisha.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wayisekela.] (2)
- 11.7
- Umthelela waba mubi empilweni kaMaNzimande ngoba wagcina esehlupheka esehamba eyosebenza emakhishini, waqoma eshadile, wagula wagcina ngokushona.
 - Umthelela awubanga muhle empilweni kaMtalaselwa. UMtalaselwa nakuba wayemthanda uDumazile kepha uDumazile waqhubeka nokubonana noSithole ngenkathi esemsebenzini. Wezwa emsakazweni ngokulwa kwamadoda emzini wabo, wafica uDumazile esethuthile, wagula wagcina ngokushona.
 - Umthelela awubanga muhle kuMthovovo ngoba akasathembeki kuSithole, uqhubeka nokumbatha ngubo yinye noDumazile. Wenza ubugebengu bokushisa isitolo sikaSithole, wagula wagcina ngokushona.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umthelela kumlingiswa nomlingiswa.] (3)
- 11.8 Bobabili bebenothando olungefani ngoDumazile, uSithole walimela iqiniso kuDumazile kodwa uMoloi wakhombisa ukuba iqili.
UMoloi wakhulelisa uDumazile akangamseka, wanquma ukubaleka esikoleni ayefundisa kuso waphindela eGoli kwakhe kanti uSithole wakukhulelisa uDumazile wameseka ngokumhlawula waze wamthengela nendlu eMafezini.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile wabe eseyasekela umlingiswa ngamunye.] (3)
- 11.9 Samukelekile ngoba uKheswa wayengathandi ukuba uDumazile ahambe ayofunda kude kodwa uMaNdovela wambonisa umyeni wakhe njengoba izikole zazingeningi endaweni. Waba nethemba lokuthi uMaNdovela umyalile uDumazile ngokuziphatha njengoba wayethengise ngisho izinkomo zakhe kepha uDumazile wabuya esekhulelwe, wambukisa nangomakhelwane.

NOMA

- Asamukelekile ngoba akekho umzali othuma ingane ukuba yenze okuphambene nomthetho wakhe/nowasekhaya. Kwakungamele uMaNdovela athwale icala elenziwe nguDumazile futhi bebe ngabazali bobabili.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe.] (2)
- 11.10 Le ndaba iphetha ngopholavuthondaba ngoba kuba nokuxolelana nokubuyisana. UDumazile ngaphambi kokuba ashone uxolisa kuMaNdovela noMaShandu indlela abezi phethe ngayo. Imindeni kaDumazile nokaMtalaselwa bayahlangana emgcwabeni kaDumazile. UMaShandu umezala kaDumazile uxolela uDumazile ngakho konke ayekusho ngaye. Babonga abakwaKheswa ngokubambisana.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela ngokwenelisayo.] (3)

[25]

UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE**IMPI YOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngamasu asetshenziswa ngumbhali ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Umbhali angabaveza abalingiswa ngezenzo zabo, ukuchazwa kwabo, indlela abagqoka ngayo kanye nokukhuluma.

UMZIMBA:**UBafana**

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Ongahloniphi/Oziphakamisayo** – UBafana uxosha umalume wakhe kabuhlungu uma ezocela izingane zikaLinono indawo yokuhlala.
- **Onganakekeli umndeni wakhe** – UBafana akanasikhathi sezingane zakhe. Akaboni noma u-*Euthenasia* eggoka izimpahla angamthengela zona.
- **Onomona** – UBafana uba nomona ngokuzithukisa kuka*Poppie* ngokufunda umtshela nokuthi akayeke ukufunda.
- **Obukela phansi abanye abantu** – Ubiza ubaba omdala ngegama '*Willson*' akazikhathazi nokuthi uhlalaphi njengoba sebesebenze ndawonye iminyaka eminingi. Akazihlanganisi nomakhelwane bakhe. Akasanti nabantu abamnyama.

UPoppie

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Ongathandi umndeni wasemzini** – *UPoppie* unqaba ukwamukela izingane zikaLinono kwala noma ozakwabo emsebenzini bemncenga ukuthi azithathe.
- *UPoppie* uma eshayelwa ucingo uHlanganisani efuna ukumazisa ngo-*Euthenasia* akamemukeli kahle njengelunga lomndeni.
- **Onganasikhathi sezingane zakhe** – *UPoppie* akanaso isikhathi sezingane zakhe okudale ukuthi uMelody akhulelwe. Uxosha uMaXakushe ngoba engafuni kusolwe u-*Euthenasia*.
- **Ongalaleli umnyeni wakhe** – *UPoppie* uthengela u-*Euthenasia* imoto ngaphandle kokubonisana noBafana.
- **Onomona** – *UPoppie* ukhombisa ukuba nomona ngoHlanganisani no-Uzithelile ngoba bekhombisa ikhono eliphezulu emqhudelwaneni wokugijima.

UNjini Cele

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

- **Onothanda lomndeni wakhe** – ukhulisa izingane zikadadewabo uQophitshe wafundisa uBafana waba nejazi. Aphinde akhulise abazukulu uHlanganisani no-Uzithelile.
- **Oyikholwa** – Uthandazela u-*Euthenasia* kwanqamuka isifuba esasicinene, ehluleka nokuphefumula ngesikhathi esemzini kaNgubane.
- **Onobuntu** – Ufaka u-*Euthenasia* isiphandla amhambise nomkhono azofika nawo ekhaya yize azi ukuthi uBafana no*Poppie* abamamukelanga emzini wabo.
- **Onoxolo** – Wamukela u*Poppie* noNgubane yize babengamamukelanga emzini wabo eMlazi.

UHLanganisani**(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)**

- **Onobuhlakani** – Utshela u-*Euthenasia* ukuthi akulungile ukweqa ekhaya. Ufunda esebenza ejalidini ukuze azikhokhele imali yesikole.
- **Ozimiselayo** – Ubamba amatoho emajalidini ukuze akhokhe imali yesikole, aphumelela ngamalengiso aze ahambe ayekofunda phesheya lapho kwakufunda khona u-Uzithelile.
- **Onobuntu** – Unakekela u-*Euthenasia* ngenkathi efike esikoleni sakhe. Ufonele uPoppie ukuze angakhathazeki emuva kokuzwa ukuthi u-*Euthenasia* weqile ekhaya. Uyalele uVikizitha ukuba alande uMaMthimkhulu eLa Lucia azohlala nabo eMpaphala.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle amasu ahlukehukene okuveza abalingiswa ngobunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo zokuvezwa kwabalingiswa ngobunjalo babo. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]**UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE****IMPI YOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

- 13.1 Umoya wentukuthelo/wokuthukuthela njengoba uNgubane uthukuthelile umfana odale ukuthi izimoto zishayisane uyamsola ngokuthi kukhona akuthintile.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umoya ngokwenelisayo esusela esingenisweni salesi siqeshana.]

(2)

- 13.2 Umyalezo otholakale kulesi siqeshana uthi kubalulekile ukuhlalisana kahle komakhelwane. Ukushayisana kwemoto kaMaMsibi nekaZabalaza akuzange kubaxabanise oMaMsibi noSibeko kepha baxoxisene kahle ngokukhandwa kwemoto kaZabalaza.

[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umyalezo ngokwenzeka kulesi siqeshana]

(2)

- 13.3 Umlandi usebenzise inkulumompendulwano ukuveza intukuthelo kubalingiswa. UNgubane uthukutheliswe ukuthi umfana owayephakathi emotweni akazi ukuthi uthintephi ngenkathi ihamba. UMaMsibi uthukutheliswe ukuthi kade ayemtshela uNgubane ukuthi akofaka amabhiliki esandla ukuze imoto ingahambi. Umlandi uyachaza/uyalandisa ngokuhamba kukaSibeko noMaMsibi bayoxoxa endlini ngomonakalo odalwe ubudedengu bukaNgubane. Umlandi usivezela imicabango kaNgubane edliwa isazelo sokuthi kwenzeka konke nje kungenxa yesenzo sakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile imisebenzi emithathu yomlandi wayisekela.]

(3)

- 13.4
- Ukungahloniphi kukaPoppie emuva kokumtshela ukuba akangahambi ukuyofunda.
 - UPoppie wayengasamhloniphi uBafana esekhuluma noma ikanjani.
 - UPoppie uthengela izingane imoto ngaphandle kokwazisa uNgubane.

[Nikeza amamaki amathathu uma ezivezile izehlakalo ezintathu.]

(3)

- 13.5 Isizathu ukuthi u*Ben Martins* wayecabanga ukuthi uNgubane uzoba usizo amnikeze ulwazi ngabantu abahlala elokishini lakwaMashu kodwa wathola ukuthi uNgubane wayengasazibandakanyi nabantu abamnyama.
[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isizathu ngokwenelisayo.] (2)
- 13.6 Inhloso yokugqamisa ukungahlonishwa kwamalungelo abantu abasebenza ezindlini njengoba u*Poppie* akafunanga ukulalela uMaXakushe kodwa wamdelela wambiza ngomqambimanga okwagcina ngokuba amxoshe emzini wakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wayisekela.] (2)
- 13.7 Kwaba nomthelela omuhle kubo bobathathu abalingiswa.
- Umthelela waba muhle empilweni ka*Poppie* ngoba wabuye wahlangana noNgubane owayengumyeni wakhe, bahlala ndawonye, naye wagcina esefundisa eNyuvesi.
 - Umthelela waba muhle ngoba uBafana ugcine efunda ukubaluleka komndeni, wafundela ukuphatha ipulazi, wagcina eselekelela uHlanganisani epulazini.
 - Kwaba nomthelela omuhle ngoba uCele waba nokuthokoza empilweni yakhe njengoba umndeni owawuhlakazekile wagcina usuhlala ndawonye ngokuzwana.
- [Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umthelela kumlingiswa nomlingiswa.] (3)
- 13.8 Bobabili babemthanda ngokweqiniso uNgubane, bamqoqa bamhlalisa ezindlini zabo. Inkinga kaMaMthunzi yokuvuna izingane zakhe yadala ukuba baxabane noNgubane wagcina ehambile eMadadeni kanjalo izinkinga zamashwa ezazilandela uNgubane zagcina zimhlukanisile noMaMsibi.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile wabe eseyasekela umlingiswa ngamunye.] (3)
- 13.9 Asamukelekile ngokwesintu/isiko umuntu wesilisa osekhulile akahlangani nezimpahla zomuntu wesimame ngoba kunenkolelo yokuthi ubalula. Kwakungamele uMaMsibi asizakale ngokuhlupheka kukaNgubane. Kwakumele amhloniphe njengomnumzane wekhaya lakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wakhe.] (2)
- 13.10 Le ndaba iphetha ngopholavuthondaba ngoba kube noxolo nokubuyisana komndeni waseMpaphala nowaseThekwini. Umndeni kaCele wamukela uNgubane njengoba efika eMpaphala bayamhlabela. Baphinde bamukela u*Poppie* osehamba ngenduku njengoba efika eMpaphala ehamba noVikizitha. UNgubane no*Poppie* bayabuyelana, badayisa indlu yabo yase *La Lucia* bagcine behlala eMthunzini.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukuphawula wasekela ngokwenelisayo.] (3)

[25]

UBUCIKO BOMLOMO**UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE****UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohlweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-esseyi.

INGANEKWANE: UNWABU NENTULO

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngamasu asetshenziswa ngumbhali ukuveza abalingiswa ngobunjalo babo. Umbhali angabaveza abalingiswa ngezenzo zabo, ukuchazwa kwabo, indlela abagqoka ngayo kanye nokukhuluma.

UMZIMBA:**UNKulunkulu**

(Uvezwe ngendlela akhuluma ngayo, izenzo zakhe kanye nokuchazwa)

Onomusa/Onothando – Wabona ukuthi abantu bajabule ngenxa yokuthi abafi wase enquma ukuthi abatshela ukuthi abazukufa.

Onganasineke – Kwathi uma unwabu lungasabuyi wathumela intulo ngokushesha ukuyotshela abantu umlayezo wokuthi sebezokufa.

Onolaka-Walujezisa kabuhlungu unwabu ngokuhluleka ukuphuthuma kuye njengoba ayelubizile ngokuthi selizohamba kancane futhi lushintshe umbala ifane nendawo oluhamba kuyo.

Unwabu

(Luvezwe ngendlela olukhuluma ngayo, izenzo zalo kanye nokuchazwa)

Olungahloniphi – Lwadela umyalelo kaNkulunkulu lwanquma ukudla ubukhwebezane.

Olunomhobholo – Lwaqhubeka lwadla ubukhwebezane nanoma selusuthi.

Intulo

(Ivezwe ngendlela ekhuluma ngayo, izenzo zayo kanye nokuchazwa)

Olungahloniphi – Yathobela umyalelo kaNkulunkulu yaphuthuma yayotshela abantu ukuthi UMDali uthi mabafe.

Olungenathando – Ayikwazanga ukuxwayisa nokweluleka unwabu yaludlula nje yize ilubona ukuthi luphuma endleleni ngokungalaleli umyalelo kaNkulunkulu futhi lwalungahle lungene ecaleni.

KANYE NE

IZIBONGO: 'ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI'

(
Uvezwe ngezenzo zakhe)

Ohlakaniphile – Waba nemisebenzi emikhulu waze wethweswa indondo ye-*Noble Piece Prize*.

Onobuholi obuqotho – Waluleka abantu ngezindlela eziningi eziya empumelelweni ezifana nesikolo, inkululeko nesonto.

Onothando – Wayeka ukubusa ukuba inkosi kodwa wakhetha ukusebenzela isintu ngokulwela inkululeko wayifaka kubo bonke abantu nakuba kwakuseyisikhathi sengcindezelo.

Onesibindi – Waba nesibindi sokuvukela abelungu ababemfundise ulimi lukaHaga kodwa wabajikela, kwathi le mfundiso ayeyithole kubelungu wayifaka kubantu.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle ama su ahlukahlukene okuveza abalingiswa ngobunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo zokuvezwa komlingiswa ongu-Albert Luthuli ngobunjalo bakhe. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpindulo ezinembayo/izimpindulo ezinganikeziwe lapha]

[25]**UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE****IZINGANEKWANE: 'UNONSIKELELO'**

- 15.1 Umlingiswa omkhulu inkosana. Inkinga abhekene nayo ukungazi ukuthi uzongena kanjani embhoshongweni ngoba ayiwuboni umnyango wokungena. (2)
- 15.2 Isizinda sale nganekwane siveza ukuthi kwakunamazimu ayehlala ehlathini kunombhoshongo ayekhuphukela kuwo. Kusenkathini yakudala lapho kusekhona amazimu ayekhuluma ekwazi nokucula. Amazimu ayenesihluku sokubeka uNonsikelelo embhoshongweni yedwa engakhululekile ngoba wayengakwazi ukuphuma.
[Nikeza amamaki amathathu uma esivezile isizinda sendawo, inkathi nesimo senhlalo kuhambisane nokusekela ngokwencwadi.] (3)
- 15.3 Bobabili bayaphikelela uma benza izinto. Inkosana inothando lokufinyelela kuNonsikelelo kanjalo noDkt. Sbongile unothando lokusiza isizwe. Inkosana yenkosi yayiphikelela ibuya njalo izolalela umculo omnandi ifuna nokubona ukuthi amazimu angena kanjani embhoshongweni yize yayazi ukuthi kunobungozi ehlathini kanjalo noDkt. Sibongile Zungu wayephikelela uma enza into, wayengadikibali noma kunezinkinga endleleni yakhe, wayeziphebeza aqhubekele phambili.
[Nikeza amamaki amathathu uma eziqhathanisile izenzo zabalingiswa wazesekela.] (3)

- 15.4 Inhloso yokuphindaphinda ukugcizelela izwi lalowo ofuna ukwenzelwa into njengoba amazimu ayethi uma eseliphindile igama likaNonsikelelo ayeba nesiqiniseko sokuthi uNonsikelelo uwezile bese ehlise umsila ukuze akhuphuke ngawo./inhloso yokunandisa/ukuheha izethameli ukuze ziqhubeke nokulalela inganekwane zingalali.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokuphindaphinda wase esekela.] (2)

KANYE

- 15.5 Ngiyazwelana noNonsikelelo ngoba emuva kokuduka enkungwini eseyingane watholwa amazimu eweni elikhulu, amfihla emgedeni lapho ayemulethela khona ukudla.
[Nikeza amamaki amabili uma ekwazile ukusekela umbono wempendulo.] (2)
- 15.6 Umxoxi uphumelele kahle ukuphetha le nganekwane ngoba inkinga ebibhekene noNonsikelelo yokugcinwa amazimu ehlathini iyaxazululeka. UNonsikelelo uhamba nenkosana baya esigodlweni senkosi, ugcina egane inkosana waba yindlovukazi yeNkosi./Ekugcineni umxoxi uyiphethe kahle inganekwane yakhe ngokuthi, 'cosu cosu iyaphela'.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngempumelelo yokuphetha inganekwane.] (3)
- 15.7
- Injini kagandaganda omanxakanxaka.
 - Isingathekiso.
- (2)
- 15.8
- Le migqa iqukethe umqondo wokuthi uDkt. Sibongile Zungu unemisebenzi emihle ayenzile esizweni sakhe.
 - UDkt. Sibongile Zungu uletha ukukhanya/intuthuko lapho kumnyama khona ngenxa yezimfundiso zakhe ezinhle.
- [Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umqondo wemigqa.] (2)
- 15.9 Isizathu ukuletha umgqumo omnandi nokuncoma imisebenzi kaDkt. Zungu wokusiza/ukufaka uthando ebantwini nokuthi abantu bayijabulele intuthuko endaweni yabo.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu sokusetshenziswa kwamagama.] (2)
- 15.10 Ngiyavumelana ngoba inkosana yagcina ikwazile ukuthola uNonsikelelo lapho ayethunjwe/efihlwe khona amazimu.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wawesekela.] (2)
- 15.11 Ngikuphicaphica ngomuntu wami onemilenze emithathu.
Impendulo: Ibhodwe lesizulu.
[Nikeza amamaki amabili uma esiqambile isiphicaphicwano wanika nempendulo yaso.] (2)

[25]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

ISIQEPHU C: UMDLALO**UMBUZO 16: UMBUZO OMUDE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohlweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngesizinda somdlalo. Umbhali usebenze ikhono elihle ekwethuleni isizinda somdlalo esebenzisa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo.

UMZIMBA:**Indawo:**

- Indawo isedolobheni eMandeni.
- **Elokishini kwaChappies** – Yilapho kuhlala khona uMdaluli nomndeni.
- **Esibhedlela** – UMbhebhezeli uvakashela uChivenga esibhedlela bengazani umtshela ukuthi uyamazi umuntu omthakathile.
- **KwaDukuza** – Kusehho visi loMnyango wezaseKhaya lapho uChivenga wahlangana noHeshane benza isitifiketi somshado noHlengiwe somgunyathi.
- Kunendawo yoSonhlalakahle, iziguli kanye namaphoyisa.

Isikhathi/Inkathi:

- Isikhathi samanje/enkathini yanamuhla.
- **Kunabantu bokufika** – UChivenga uhlala elokishini lakwaChappies engowokufika
- **Kusetshenzwa emafemini** – UMdaluli usebenza efemini, ugcina ediliziwe kuyo ngoba isivalwa.
- **Bayaboshwa esiteshini samaphoyisa** – UZayeka iphoyisa elibopha uMdaluli ngesikhathi eshaye uMaMlanduli wabuye futhi washaya uChivenga.
- **Kunoso zonhlalakahle** – UZenyezile ungusonhlalakahle osiza umndeni wakwaMdaluli
- **Kunabafundi** – ULondiwe ufundela umsebenzi ekolishi iMangosuthu bakhokha imali emba eqolo.
- **Abantu banamalungelo** – UMaMlanduli wenqaba nendabandaba ebe engunkosikazi kaMdaluli ngenxa yamalungelo abantu besifazane.
- **Inkululeko/Ilungelo** – ULondiwe ubophisa uMdaluli uma ehluke kumeza uMaMlanduli.

Isimo senhlalo:

- **Ukuhlalisana emzini kaMdaluli** – Isimo siqala sinokuzwana, umndeni uyancokola, ujabule bexoxa ngemfundo. Siguquke lapho edilizwa emsebenzini, abe nodlame ekhaya ashaye uMaMlanduli nezingane. Sibuye sibe nobuqili lapho uMdaluli bexolelana nezingane noMaMlanduli emuva kwalokho waxosha uLondiwe.
- **Ukuhlalisana emphakathini** – UMdaluli uba nomona noChivenga ngoba ethi uthathe umsebenzi wakhe, abe nodlame emphakathini, ushaye uChivenga aze aboshwe.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali ulisebenzise kahle ikhono lokwethula isizinda ngokwendawo, inkathi kanye nesimo senhlalo.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokwethulwa kwesizinda. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 17: UMBUZO OMFUSHANE**KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

- 17.1 Isizathu sokuthi isimo senhlalo singabi sihle ukungajabuli kukaMdaluli njengoba ephelwe umsebenzi, uhluleka ngisho nokuchazela uMaMlanduli uma embuza ngokubhocobala kwakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu senhlalo esingesihle.] (2)
- 17.2 Inkulumo kaManqina iveza ithoni yenhlonipho njengoba ekhuluma noMaMlanduli embiza ngomame wasekhaya futhi emchazela ngokudilizwa kwabo emsebenzini.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile ithoni wasekela ngokwesiqeshana.] (2)
- 17.3 Emuva kokuba uManqina echazele uMaMlanduli ngodaba lokudilizwa emsebenzini. UMdaluli ube eseba nodlame ekhaya nasemphakathini. UMdaluli uhlukumeza uMaMlanduli uyamshaya efuna indabandaba ngenkani uxosha nezingane. UMdaluli uthakatha uChivenga, umlalela unyendle uyamshaya ngoba ecabanga ukuthi nguyena omthathele umsebenzi ngoba engowokufika.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekhombisile ukuthi indikimba ithuthuke kanjani.] (3)
- 17.4
 - UMdaluli uphupha amathongo emtshela ukuthi makalande izingane zakhe ezinkalweni njengoba ayezixoshile.
 - Abaphansi bathi makazicelele uxolo ezinganeni zakhe.
 - Ageze igceke lomuzi wabo ngoba uhubhe izingane ngesikhali emzini wabo.
 [Nikeza amamaki amathathu uma elichazile iphupho.] (3)
- 17.5 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi abantu ababoqaphela abangani ngoba kukhona abangani abangesibo abeqiniso. Isenzo sikaMbhebhezeli sokucebisa uMdaluli ukuthi athakathe uChivenga bese esuka eyovakashela uChivenga amtshela ukuthi uyamazi umuntu omthakathile sasingesona isenzo somngani weqiniso./Inhloso ukubonisa ukuthi umuntu uyalilandela igama lakhe aqanjwe lona njengoMbhebhezeli owayebhebhezela udweshu phakathi kukaChivenga noMdaluli.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela ebhekise kuMbhebhezeli.] (2)
- 17.6 Bobali basebenzela uHulumeni futhi basiza umndeni wakwaMdaluli. UZayeka wasiza uMaMlanduli ngesikhathi uMdaluli enodlame lwasekhaya kanjalo noZenyenzile wasiza izingane zakwaMdaluli ngesikhathi uMdaluli ezixosha ekhaya wacebisa uLondiwe ngendlela angaqhuba ngayo izifundo zakhe esikhungweni semfundo ephakeme.
[Nikeza amamaki amathathu uma izenzo ziqhathanisiwe wasekela.] (3)
- 17.7 La magama agqamisa ukuthi uMdaluli uyehluleka ukuchaza inkinga abhekene nayo ngakho-ke uMaMlanduli uyamangala uma uMdaluli esehluleka ukumtshela imininigwane ngenkinga abhekene nayo yokuthi udiliziwe emsebenzini.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile imbangela wasekela.] (2)

- 17.8 Wawuzoba muhle, wayengaphindela emaphoyiseni ukuze eluleke uMdaluli ngokukhulisa izingane. Wayengazama ezinye izindlela zokuzimela, afune umsebenzi ngokusebenzisa izifundo ayesenazo, athole imali yokuqhubeka nezifundo zakhe. Azakhele umuzi wakhe nezingane zakubo.

NOMA

Wawuzoba mubi, wayengagcina engabuyelanga ekhaya njengoba uMdaluli wayezobe emxoshile. Wayengahlala emgwaqeni, abe nezingane agcine engaqhubekanga nesikole.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile imiphumela emithathu wasekela.] (3)

- 17.9 Siyamukeleka ngoba baningi abantu besifazane okuthi ngenxa yokweswela bagcine sebethandana nabantu abangabathandi njengoba noHlengiwe wayesehlupheka ngoba isoka lakhe lase lidiliziwe emsebenzini naye engenasiqiniseko sokuthi uzowuthola yini umsebenzi.

NOMA

Asamukeleki noma ngabe umuntu uhlupheke kanjani akumele abe nesimilo esixegayo, abe namasoka amabili nokuthi athande umuntu ngenxa yokufuna imali yakhe yize engamthandi njengoba uHlengiwe wanquma ukuthandana noChivenga ngoba efuna imali yakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wesekela.] (2)

- 17.10 Sethulelwa isingeniso kahle sethulelwa ummeleli onguMdaluli ebhekene nenkinga yephupho angazi ukuthi lisho ukuthini. Isizinda senkathi yamanje nendawo yasemadolobheni lapho sithola ilokishi lakwa Chappies kanye nesimo senhlalo esingesihle ngenxa yokudilizwa kukaMdaluli emsebenzini.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngesethulo wasekela.] (3)
[25]

UMBUZO 18: UMBUZO OMUDE**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohlweni.
- Sebenzisa irubriki esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngesizinda somdlalo. Umbhali usebenze ikhono elihle ekwethuleni isizinda somdlalo esebenzisa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo.

UMZIMBA:**Indawo:**

- Endaweni yasemakhaya nasedolobheni.
- **Emakhaya** – INkosi uSalimani udingida udaba lokugudluzwa kwemingcele nabafowabo kanye nezinduna zayo.
- **Enkantolo** – INkosi uSalimani yehlulwa icala enkantolo yaseMshwathi, INkosi uSalimani uthethwa icala eMgugundlovu

Isikhathi/Inkathi:

Isikhathini sakudala, soguquko kusanda kufika abelungu abangamaNgisi kuleli.

- **Kunamambuka** – oMphilipili, uNgoza noNongejeni baguqulwe imiqondo bagcine sebengamambuka.
- **Kunemithetho kaHulumeni** – okwenza uSomtsewu noZithulele besabise uSalimani ngoHulumeni.
- **Kunezinkantolo** – njengeyaseMshwathi neyaseMgugundlovu lapho kwakuqulwa khona amacala ombango wezwe lenkosi uSalimani.
- **Kunamapulazi** – Abantu bakwaMgqabuli basuka epulazini bayohlasela induna yeNkosi uSalimani

Isimo senhlalo:

- Ukuhlalisana phakathi kwabantu bakaSalimani nabelungu. **Kunobuqili** obenziwa ngabelungu befuna ukuklama imigcele yezwe leNkosi uSalimani.
- **Kunokucwaswa kwabantu** beNkosi uSalimani njengoba bengahlalisene kahle nabelungu, bayabacwasa bathi imfuyo yabantu beNkosi uSalimani ithelela imfuyo yakobelungu ngezifo futhi izalisa izinkomazi zabo uhlobo olungasile lwezinkomo.
- **Kunodlame oludalwa ngabelungu**, Abantu bakaMgqabula bahlasela amabutho emzini kaMcondo okuholela ekuboshweni kukaNomehlo.
- **Kukhona ukuzwana phakathi komndeni weNkosi uSalimani kanye nesizwe sakhe.** INkosi uSalimani iyabazisa abafowabo ayifuni balindiswe ngaphandle uma beze emzini wayo eTsheni.
- Uhlonipha bonke abantu ngoba ubabiza bonke embizweni ngisho nabesifazane imbala.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali ulisebenzise kahle ikhono lokwethula isizinda ngokwendawo, inkathi kanye nesimo senhlalo.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo zokwethulwa kwesizinda. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 19: UMBUZO OMFUSHANE**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

- 19.1 Isizathu sidalwa ukungavumelani phakathi kukaSalimani nabantu bakhe kanye noZithulele ngenxa yokubanga ukuwelwa koMngeni okungadala ukuthi abantu balwe kuze kuchitheke igazi.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu senhlalo esingesihle.] (2)
- 19.2 Inkulumo kaSikhova iveza ithoni yentukuthelo njengoba ebuza ukuthi kungani uHulumeni afune ukuba kube nempi esizweni ngale ndaba yokuwelwa koMngeni.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile ithoni nokusekela ngokwesiqeshana.] (2)
- 19.3 Emuva kokuba uZithulele echazele uSalimani ukuthi uma indawo ingabuyeli kubaniniyo kuyosuka umbango. Kube nokuhlaselwa kwabantu bakaSalimani behlaselwa abakwaMgqabuli kwafa abantu. Kwaboshwa uMcondo njengenduna kaSalimani. Kwangena icala enkantolo yaseMshwathi. Lamlahla icala uSalimani. Walidlulisa icala uSalimani laya eMgungundlovu, lafika lamthetha khona. Indawo yabuyela ngakuSalimani.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekhombisile ukuthi indikimba ithuthuke kanjani.] (3)
- 19.4
- UMphilipili wavuma ukubizwa nguZithulele othunywe nguSomtsewu emcela ukuba angabayekeli kule nkinga yezwe abalibanga noSalimani.
 - UNgoza wamgidlabeza ngopondo abahlanu wathi yisipho sakhe sikaKhisimuzi asiphiwa nguSomtsewu.
 - Wamukela indlezane ayithunyelelwa uMgqabula emsisela ngayo kanye namashumi amabili opondi athi isibopho esivela kuHulumeni.
- [Nikeza amamaki amathathu uma elivezile iphupho walisekela.] (3)
- 19.5 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi ungabomethemba umuntu, ubothemba itshe njengoba uMphilipili angazange athembeke eNkosini uSalimani ebe eyinduna yeNkosi enkulu. Wahlanganyela noZithulele ukuze kuthathwe izwe likaSalimani.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela ngoMphilipili.] (2)
- 19.6 Womabili ayeqashwe ngaphansi kukaHulumeni wabamhlophe, aqula amacala alethwa ngabelungu. Ijaji laseMshwathi lisebenzisa umthetho ngokuchema njengoba lathetha uZithulele yize abantu bakaMgqabula babephehle udweshu kanti ijaji laseMgungundlovu laqula icala ngokusebenzisa umthetho ngendlela okuyiyo njengoba lathetha iNkosi uSalimani ngobufakazi obabunikeziwe, okwagcina ngokuthi imingcele eyayibangwa ibuyele kuSalimani.
[Nikeza amamaki amathathu uma izenzo ziqhathanisiwe zasekelwa.] (3)
- 19.7 La magama agqamisa ukuthi uSalimani wayazi kahle ukuthi leli zwe akusilo elabelungu. Uma bevuma abavotayo ukuwela uMngeni bayobe bethatha izwe okungelabo balinika abalengu yingakho ebakhumbuza ngala magama ukuthi bangalutheki uma sebekhetha ngezinhlamvu zikabhontshisi.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile imbanga wasekela.] (2)

- 19.8 Wawuzoba mubi, wayengeke esaba nezwi ebantwini bakhe njengoba abelungu babezobe sebemkhinyabeze amandla okuphatha. Imfuyo yayingathathwa ngabelungu, kube nokuchitheka kwegazi. Wayengagcina ehlukumezekile ebuswa ngabelungu .
[Nikeza amamaki amathathu uma eveze imiphumela emithathu enembayo wasekela.] (3)
- 19.9 Siyamukeleka ngoba kukhona abantu abaphikelelayo yize bazi ukuthi bazama ukwenza ubuqili nonya ukuze bakuthole abakufunayo. UZithulele wenza elinye isu ngokulwisa abantu basemapulazini noMgqabula ukuze umhlaba utholwe ngabelungu okwaholela ekuchithekeni kwegazi labantu abaningi.

NOMA

- Asamukelekile ngoba wayesaphikelela waze walwisa abantu bakaMgqabuli nabakwaMcondo baze bafe benganacala ngokubaqhatha, abe azi ukuthi ubezama ukwenza ubuqili bokuthatha izwe likaSalimani.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wasekela ngokunelisayo.] (2)
- 19.10 Sethulwe kahle isingeniso, ummeleli iNkosi uSalimani ubhekene nenkinga yokuklanywa kabusha kwemingcele ngabelungu. Isizinda senkathi lapho kunezinguquko zokuphathwa kwemibuso endaweni yasemakhaya. Lo mdlalo wenzeka emakhaya sithola izindawo oVimbingwenywa, oMkhabela noMngeni kanye nasemadolobheni eMgungundlovu .Isimo senhlalo sokungahlalisani kahle kwabantu abamnyama nabelungu ngenxa yokuklanywa kwemingcele ngobuqili.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngesethulo wasekela.] (3)

[25]

UMBUZO 20: UMBUZO OMUDE**UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-32 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi ngesizinda somdlalo. Umbhali usebenze ikhono elihle ekwethuleni isizinda somdlalo esebenzisa indawo, inkathi kanye nesimo senhlalo.

UMZIMBA:**INDAWO**

- **EGoli:** Kusedolobheni endaweni yaseGoli elokishini la kuhlala khona oMathonsi.
- **IBhange iForum** – UPhindisiwe usebenza kuleli bhange la kufona khona uNkululeko batshontshe imali yakhona.
- **EPhumula** – Isemzini kaThamsanqa noPhindisiwe.
- **ENkanini** – Isemzini kaSarah.
- **EZibuseni** – Isenkantolo la kugwetshwa khona oNkululeko emuva kokubamba inkunzi ebhange.

INKATHI

- **Le ndaba** yenzeka esikhathini samanje.
- **Kunezingcingo** – UPhindisiwe uyasebenza kufona uNkululeko.
- Izimoto- ukushayiswa kwengane ngemoto uPhindisiwe.
- **Kwenziwa izithombe kanye nezitifiketi zomgunyathi** – UNkululeko wenza izithombe somshado somgunyathi wabo noPhindisiwe
- **Kusetshenziswa izibhamu** – UNkululeko wesabisa abakwaMathonsi ngesibhamu noMakhangelana, noSarah, aphinde aqhube ngaso uPhindisiwe.
- **Kunamabhange agcina imali emishinini i-ATM** – UPhindisiwe untshontsha imali eyayisele kwelinye lamakhabethe ngenkathi eyifaka kwi-ATM. Kunabantu abakhipha izimali zabo besebenzisa le mishini ababona ukuhi kukhona okwenzeka ebhange babikela abomthetho.
- **Kunamakhamera aqaphe ebhange** – UNkululeko umboza amakhamera ebhange ukuze angamthwebuli uma entshontsha imali.
- **Kusetshenziswa inombolo engu-10111** – Umuntu owayesola ukuthi kukhona okwenzekayo, ushayela le nombolo yamahhala ukubika ubugebengu ebhange.

ISIMO SENHLALO

- **Ukuhlalisana kwabantu emakhaya nasemphakathini** – Kunokungezwani phakathi kukammeleli uPhindisiwe nembangi enguNkululeko. Lokhu kugcina kudale ukungezwani phakathi kukaThamsanqa noPhindisiwe.
- Ukuhlalisana kahle kuyaphela emzini kaMathonsi ngenxa **yezimfihlo** ezidalulwa uNkululeko mayelana noPhindisiwe. UThamsanqa udalula imfihlo yokuthi uPhindisiwe unezingane okufakazela okushiwo uNkululeko koMathonsi.
- **Kunobugebengu obuhleliwe** emphakathini-USarah uhlaselwa oNkululeko belekelelwa uPhindisiwe, bamphoqa ukuba abanike isikhiye sasebhange, bambophe ngezintambo.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali ulisebenzise kahle ikhono lokwethula isizinda ngokwendawo, inkathi kanye nesimo senhlalo. [Ohlolwayo banganika izibonelo ezahlukenene ngokwethulwa kwesizinda. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]**UMBUZO 21: UMBUZO OMFUSHANE****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

- 21.1 Isizathu ukuthi uMathonsi noMaMhlongo abaphathekile kahle ngenxa yokufika kwensizwa abangayazi njengoba bechazela uThamsanqa osebonakala kumcasula ukuzwa ngale nsizwa.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu senhlalo esingesihe.] (2)
- 21.2 Inkulumo kaMathonsi iveza ithoni yothando/yokuyala njengoba elokhu ebiza uThamsanqa ngendodana yakhe njalo uma ekhuluma naye.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile ithoni nokusekela ngokwesiqeshana] (2)
- 21.3 Emuva kwemibuzo ebibuzwa nguMathonsi, ebuza uThamsanqa ngoPhindisiwe ukuthi umazi kangakanani, uThamsanqa uthola ukuthi uPhindisiwe ubethandana noNkululeko engazi. UMathonsi noMaMhlongo bathola ukuthi uPhindisiwe unezingane abangazazi. UPhindisiwe uhlangua noNkululeko nabangani bakhe ukwenza itulo lokubulala uThamsanqa kanye nokubamba inkunzi ebhange i-Forum.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekhombisile ukuthi indikimba ithuthuke kanjani.] (3)
- 21.4
- UMaMhlongo uphuphe uhlanya luqukula uZiphozonke ngoba luthi uyingane yalo.
 - Limthathe lwamphonsa ehlozini elikhulu elengame isiziba sikamaminzela.
 - UMaMhlongo walulandela uhlanya ethwele izandla ekhanda kwase kuqubula igovu.
- [Nikeza amamaki amathathu uma elivezile iphupho wasekela.] (3)
- 21.5 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi ungabomethemba umngani njengoba uNkumbulo wehluleka ukuxoxela uThamsanqa ngezenzo zikaPhindisiwe noNkululeko.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela] (2)
- 21.6 Bakhulisa izingane ngezindlela ezingefani. UMaKhangela akanalo iqiniso, ufihlela abakwaMathonsi ngenkathi bezolobola akabazisi ukuthi uPhindisiwe unezingane ezimbili azitholele ekhaya/uvuna uPhindisiwe emuva kokushayisa ingane; nguyena okhokhela uNkululeko imvalamlomo kanti uMaMhlongo unothando lweqiniso uma uThamsanqa enezinkinga ezivelayo uyambiza, ambonise yize esenomuzi wakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma izenzo ziqhathanisiwe zasekelwa.] (3)

- 21.7 La magama achaza ukuthi kwakungamele yini izingane zikaPhindisiwe eze nazo uma ezogana kwaMathonsi.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile imbangela wasekela.] (2)
- 21.8 Wawuzoba muhle, wayezoghubeka bahlalisane kahle nomndeni wakhe njengoba wayemthanda ngokweqiniso uPhindisiwe. Wayezogcina isethembiso sabo somshado sokwehlukani swa ngukufa. Babengeke baphinde babe nezimfihlo.

NOMA

- Wawuzoba mubi, wayengahlala ngokungamthembi uPhindisiwe engazi ukuthi uzoqhubeka yini abe nezimfihlo njengoba wayemcelile ukuba kungabibikho ukufihlelana. Wayengagcina engasamthandi kahle uma ecabanga izimfihlo nobugebengu abenzile. Agcine ehlukani sile naye.
[Nikeza amamaki amathathu uma eveze imiphumela emithathu wasekela.] (3)
- 21.9 Asamukelekile ngoba uPhindisiwe kwakungafanele ukuthi athandane noNkululeko ngoba wayeshade noThamsanqa. Kwakumele amlinde uma esehambile. Ukube walinda wayengeke azithole esesenkingeni yokuba nengane nomuntu ongesiye umyeni wakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wasekela.] (2)
- 21.10 Sethulelwa isingeniso kahle, ummeleli onguPhindisiwe ebhekene nenkinga yemfihlo anayo noNkululeko njengoba ethi ufuna babuyelane. Isizinda senkathi yamanje nendawo yasemadolobheni eGoli kanye nesimo senhlalo esishubile ngenxa yokubelesela kukaNkululeko eshaya izingcingo emsebenzini kaPhindisiwe eBhange i-Forum emtshela ukuthi uzodalula izimfihlo abanazo naye.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngesethulo wasekela.] (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA**ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	5–6	4	3	2	0–1
Ukukhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. 6 AMAMAKI	-Ukukhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekelwa isihloko -Amanye amaphuzu asekelwa kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	-Ukukhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekelwa isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	-Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	4	3	2	1	0–1
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula ulimi, ithoni kanye nesitayela. esisetshenzisiwe embuzweni omude. 4 AMAMAKI	-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlohlweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	-Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenzisiwe ngokugculisayo.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	-Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze.

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	12–15	9–11	6–8	4–5	0–3
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. 15 AMAMAKI	-Impendulo enembayo: -Impendulo enhle kakhulu: -Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala.	-Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenywe ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	8–10	6–7	4–5	2–3	0–1
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula. Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. 10 AMAMAKI	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhleleni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele -Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha.